NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2021

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

MARKING GUIDELINES

Isikhathi: Amahora ama-2½ Amamaki ayi-100

These marking guidelines are prepared for use by examiners and sub-examiners, all of whom are required to attend a standardisation meeting to ensure that the guidelines are consistently interpreted and applied in the marking of candidates' scripts.

The IEB will not enter into any discussions or correspondence about any marking guidelines. It is acknowledged that there may be different views about some matters of emphasis or detail in the guidelines. It is also recognised that, without the benefit of attendance at a standardisation meeting, there may be different interpretations of the application of the marking guidelines.

IEB Copyright © 2021

ISIQEPHU A *IQONDE KUPHI LE NDLELA – SIKHUMBUZO XABA*

UMBUZO 1

1.1 EBotswana (1)

1.2 Ubukhazikhazi bomhlaba, izindawo zokungcebeleka, zokugcinwa kwemvelo, nobuhle bemvelo, nezilwane. (1)

1.3 1.3.2 imali (1)

1.4 Bahlala elokishini elilodwa, bahlanganiswe ubugebengu. UMzwakhe usebenzela u*bra* KK ukwenza ubugebengu. (1)

1.5 Yebo ngoba wayethunywe ngu*bra* KK ukuyolanda amadayimane nezidakamizwa kwesinye sezigebengu esinguPhiri (pg 151). (1)

1.6 Lesi senzo samqhatha nonina uMaMpanza wathethisa indodakazi yakhe uma ezwa kuthiwa ithandana nomfana ozalwa yinyanga/umthakathi. UThemba wazama ukudlisa uZama. UMzwakhe wayesenesikhwele. UMzwakhe wagcina esenokungabaza ingane ekhulelwe nguZama ukuthi kungenzeka akusiyo eyakhe.
Omunye umfundi angaveza umbono wakhe ngokuthi lesi senzo senza uZama waba yintombazane embi, engaziphathi kahle emphakathini ngenxa yokuthandana nabafana ababili ngesikhathi esisodwa. (2)

1.7 Funda la mazwi angezansi. Bhala impendulo ezoba ngamagama **angama-60** kuya **kwangama-80.**

"Ngithi ngoZama kuzofa umuntu."

- **Chaza ubudlelwano bukaZama noMzwakhe. Bhekisa kulesi sitatimende esingenhla.**
  - Uma sibheka emdlalweni uZama noMzwakhe bathandana besafunda isikole/bengakaqedi isikole. Nakuba babethandana ngempela ekuqaleni kodwa ngokuhamba kwesikhathi uZama wayengasamfuni uMzwakhe. Lokhu kudalwa ngukuthi uZama wayesekhula eseqala ukubona ukuthi ukuthandana nesigebengu akuyona into enhle. Wayesefuna impilo engcono kunale ababeyiphila noMzwakhe. Yingakho ngenkathi esesenyuvesi waqoma uthisha uRomeo.
  - Okunye ukuthi ngenxa yothando lwabo uMzwakhe wazifakela ingcindezi yokuthi athengele uZama izinto ezinhle njengezingubo, amyise ezindaweni eziphambili ezinobukhazikhazi ukuze uZama ezomthanda kakhulu.
  - Uthando lwabo lwacishe lwaphazamisa ikusasa likaZama ngoba uZama wagcina esekhulelwe futhi waxabana nonina, wamxosha wayohlala kwagogo.
  - Lolu thando lwabo olunobungane lwaphinde lwenza uZama ukuthi aqome uThemba ngoba nakhu kusho uMzwakhe. UMzwakhe lowo owagcina esenesikhwele wathungela uThemba uzungu benoLumumba lokuthi abulawe. Nangempela uLumumba wambulala uThemba esiza uMzwakhe (pg 72), naye uZama wayenesikhwele ngoba wathi kuMzwakhe uma kukhona enye intombi elethwa esitolo ababedla kuso uyoyishaya (pg 25).

– Omunye umfundi angaveza umbono wakhe ngala mazwi ashiwo nguMzwakhe wokuthi kuzofa umuntu ngoZama. Angasho ukuthi lesi sikhwele yisona esenza uMzwakhe agcine esebulala uThemba. Yiso futhi esacishe samenza ukuthi afise ukubulala umuntu wesilisa othandana noZama enyuvesi uma emtholile.
– UMzwakhe uyamthanda uZama uyamkhokhela imali yesikole yize u*bra* KK ayezama ukumbonisa ngokungathembeki kwabesifazane, yena wayemethemba uZama. Naye uZama uyamthanda waqhubeka naye yize sekuvele indaba kaNomonde.
– Ngokwendaba kusobala ukuthi laba bobabili basebethandane iminyaka emibili noma engaphezu kwemibili.
– Ngenxa yakho konke abasebedlule kukho nasemenzele khona uZama ukumbonisa uthando, uMzwakhe wazitshela ukuthi ungowakhe. (3)

- **Ufundeni ngobudlelwano babo? Lokhu okufundile kuzokusiza kanjani empilweni yakho?**
  – Isifundo engisitholile ukuthi asikho isidingo sokujaha ukuqoma nokuthandana uma usafunda isikole. Kubalulekile ukugxila ezifundweni zakho kanye nekusasa lakho kuqala. UZama wacishe wonakalelwa ikusasa ngenxa yokuthandana esafunda isikole. Waphinde wakhulelwa, okwamxabanisa nonina, wamxosha. Lesi senzo sakhe saphinde sakhombisa nokungazicabangeli.
  – Okunye ukuthi ukuhlohlana/ukungakhuzani njengoMzwakhe ephoqelela uZama ukuthi aqome uThemba kungadala izinkinga othandweni lwenu. Yingakho noMzwakhe wayesenesikhwele, wakhela uThemba uzungu lokuthi akabulawe. Intombazane ethandana nabafana ababili ayinikezi isithombe esihle emphakathini. UMaMpanza wezwa amahemuhemu emphakathini wokuthi uZama uthandana noThemba, kodwa wayekwazi kahle ukuthi ukhuleliswe uMzwakhe.
  – Konke lokhu kukhombise ubudlelwano obungenaqiniso futhi obungathembekile. Ngenkathi uMzwakhe eyosebenza eKapa waphinde wabonakalisa ukungathembeki wathandana/walala noNomonde (pg 91/110).
  – Lokhu engikufundile kungangisiza ngokuthi uma kwenzeka ngilingeka ngiba sothandweni ngisafunda ngiqaphelisise izinto engizenzayo ukuze ngingagcini sengikhulelwa ngimoshe ikusasa lami. Omunye angathi kungamsiza ngokuthi angangeni othandweni esafunda isikole ngoba uthando lungaphazamisa ikusasa lakhe.
  – Omunye angabhala ngokuthi ukuthandana niseyizingane kunganixabanisa nabazali benu. UZama waxabana nomama wakhe ngenkathi esekhulelwe. Umama wakhe wamxosha ngenxa yaleso sizathu.
  – Kubalulekile ukumazi kahle umuntu othandana naye, ungajahi ngoba nakhu uthanda izinto akwenzela zona. (3)

Ulimi nohlelo (1)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[15]

UMBUZO 2

Funda lokhu okulandelayo bese uphendula imibuzo. Bhala impendulo ngezigaba. Phendula ngamagama asukela **kwayi-100** kuya **kwayi-120**.

Isizinda sinomthelela omkhulu empilweni yomuntu. Bhala ubhekise kulokhu okulandelayo.

- **Indawo nezehlakalo (*events*) lapho kwenzweka khona lo mdlalo**
  - Lo mdlalo wenzeka kakhulu elokishini laseSikhawini lapho kunobugebengu obuningi obunhlobonhlobo obenzekayo, obuthinta izingane zesikole, izikhungo zamaphoyisa kanye nomphakathi. UMzwakhe noZama babefunda kwesinye sezikole kuleli lokishi. Kubona iTheku kanye nezinye izindawo kwakuyimvela kancane. Bazebathembisane ukuya ePavilion, naseBotswana, njll.
  - Lo mdlalo uphinde uqhubekele ezindaweni ezifana naseMozambique lapho kuhanjiswa khona izimoto ezintshontshiwe. Uphinde uqhubekele eBotswana lapho kulandwa khona izidakamizwa namadayimane.
  - NaseKapa lapho kutohoza uMzwakhe aphinde azwane noNomonde. Iphinde yenzeke nasePitoli lapho u*bra* KK evakashela intombi yakhe uPuseletso. Igcine eThekwini lapho kufunda uZama kanye nasenkantolo. (2)

- **Isikhathi lo mdlalo owenzeka ngaso**
  - Isikhathi samanje. Kusetshenziswa omakhalekhukwini ukuxhumana. UMzwakhe uxhumana noMaziya endleleni eya eMozambique (pg 3). Kunobugebengu obunhlobonhlobo obusezingeni eliphezulu njengokugaya imali. Kulobu bugebengu kusetshenziswana namaphoyisa okwenza kube lukhuni ukuboshwa kwezigebengu, amantombazane athola ithuba lokufunda, uZama uqeda umatikuletsheni uya enyuvesi eThekwini.
  - UThandi ufuna ukuyofundela ukwenza inqephu okuyinto eyayingajwayelekile kubantu abamnyama. Kunobuchwepheshe obusetshenziswe ngamaphoyisa ukubamba lezi zigebengu. Bakhuluma ngophiko lwama*Hawks, njll.*
  - NoMadayimane uzithathe kalula izithombe zobufakazi bokuthi o*bra* KK bakha imali yomgunyathi.
  - Izimpahla ezinamagama ezigqokwa nguSpider.
  - Ukusetshenziswa kwebhomu, kubhonywa indlu kaMartha (pg 139).
  - Ukuhamba ngezimoto eziluhlobo oluphambili njengeBMW 325i, zokwebiwa (pg 4). (2)

- **Isimo senhlalo nendawo abaphila kuyo ukufakazela isikhathi**
  - Abantu bale ndawo bahlalisene kahle yize kunokusolana ngobuthakathi, kanye nobugebengu. Ubaba kaThemba oyinyanga uyasoleka ngokuthakatha.
  - UMzwakhe no*bra* KK benza ubugebengu obunhlobonhlobo obuhleliwe njengokudayisa izidakamizwa, ukuduna kwezimoto, ukwakha imali besebenzisana namaphoyisa ayizigebengu njengoMaziya (pg 122/149). Lolu hlobo lobugebengu obuhleliwe bujwayelekile esikhathini samanje ezindaweni ezingamadolobha nasemalokishini.
  - Izingane zesikole ziyathandana futhi zigcina zikhulelisene zingakashadi.
  - Izingane zesikole ziyazimisela ngemfundo yazo ngisho namantombazane. UZama uya enyuvesi kanti uThandi ufisa ukuyofundela ukuthunga ingqephu/ imfashini. Yize uMzwakhe eyisigebengu kodwa uphumelela kahle ibanga leshumi.

IEB Copyright © 2021

- Abantu besifazane badayisa utshwala emashibhini. UMartha udayisa utshwala aphinde akweletisele abesilisa. UMartha uphinde abe yisigebengu somuntu wesifazane ngokuthi athathe izithombe eziveza ubufakazi bokuthi u*bra* KK wenza imali yomgunyathi. Lokhu ukwenziswa ngukuthi ufuna u*bra* KK amkhokhele imali eyizinkulungwane ezingamashumi amahlanu zamarandi njalo ngenyanga ukuze azogcina le mfihlo. Uze aqhamuke nesu lokuthi le mali u*bra* KK uzoyifaka emabhange ahlukahlukene (pg 136).
- Ubugebengu kanye nesikhwele esabangela uMzwakhe ukuthi kubelula ukuthatha isinqumo sokugudluza uThemba, ayebanga naye uZama.
- Isimo senhlalo sihambisana nesikhathi samanje nendawo, abantu bathanda imali benza nobugebengu ukuze bathole imali. Lokhu kuvamile emalokishini nasemadolobheni. Inhlupheko emakhaya ingenza abasha nabo bangene ebugebengwini/bayaziphandela ukuze baphile ngenxa yabazali abangondli izingane zabo.
- Imizi ephethwe yizingane ngoba abazali abasekho noma abasebenzi noma banezinkinga zotshwala kujwayelekile emalokishini, esikhathini samanje. (5)

- **Le ndawo ibe namthelela muni kulaba balingiswa:**

  - **UMzwakhe**
    Ngenxa yokuthi uMzwakhe ukhulele elokishini elinobugebengu, ebuka o*bra* KK bephila impilo engcono, akumthathanga sikhathi ukuthi naye agcine eseyisigebengu yize wayesafunda isikole. Esikoleni wayehlakaniphile ngoba waphasa kahle kakhulu kodwa wayengakucabangi ukuqhubeka afunde (pg 76). Wayebona sengathi ukuchitha isikhathi, ubugebengu bungamenzela imali eningi ngesikhashana afane no*bra* KK. Ngeshwa lobu bugebengu baphelela ejele. Nokwentula kwamathuba emisebenzi, ukungasebenzi kukababa wakhe kwaba nomthelela omkhulu ngoba kwamfakela ingcindezi njengenkosana yokondla nokulekelela emndenini. (2)

  - **UZama**
    UZama wagcina eseqoma ngisho engakaqedi isikole. Akugcinanga lapho waze wakhulelwa wazala ingane, okucishe kwaphazamisa ikusasa lakhe ezifundweni. Ngenxa yendawo nempilo yakhona waphinde wavumelana noMzwakhe ukuthi akaqome uThemba, wagcine esenamasoka amabili, okuyinto eyenzekayo emalokishini nakuba ingeyinhle. (2)
    Ukuthanda izinto eziphambili.
    Wakwazi ukuqhubeka afunde ngisho esekhulelwe.
    Ngoba yilokishi eliqhelile namadolobha amakhulu akanalwazi oluvulekile ngempilo, indawo yaseThekwini yamvula amehlo wabona ukuthi bakhona abesilisa abangcono kunoMzwakhe wathola nabangane abamvusayo.

Ulimi nohlelo (1)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[15]

UMBUZO 3

Bhala **ingxoxo** ezoba ngamagama **ayi-130** kuya **kwayi-150**.

UZama uvakashela uMzwakhe ejele, emva kokuphuma kwesigwebo. Bhala i**ngxoxo** phakathi kwabo ngezinto abadlule kuzo nekusasa labo.

Kuzoya ngempendulo yomfundi:

Empendulweni yomfundi makucace ukuthi laba bobabili uMzwakhe noZama bazizwa kanjani ngokwenzekile kanye nokugcine kwenzeka ezimpilweni zabo.

UZama

Enkulumweni kaZama akuvele ukuthi uthukuthele ubhodla umlilo ngenxa yokuthola kuThandi ukuthi uMzwakhe wayezimisele ngisho ukubulala umuntu athandana naye uma emtholile efulethini (pg 182). Akaveze nokuthi wayesola ukuthi yena beno*bra* KK benza ubugebengu kodwa wayengazi ukuthi uMzwakhe ukhohlakele ngale ndlela futhi ungumbulali.

Angasho nokuthi akayithandanga indaba yokuthi amphoqelele ukuthandana noThemba, okwakumqhatha nonina. Lokhu kumakhele igama elimbi emphakathini kanti enjalo-nje unesikhwele esimenze waphetha ngokuthumela abantu ukuthi babulale uThemba.

Angaphinde aveze ukuthi ngesikhathi uMzwakhe esebenza eKapa wagcine esezwana noNomonde owayemdala kunaye. Leso senzo samakhela isilonda ngoba watshengisa ukungathembeki (pg 110).

Angaveza nanokuthi uzwile enkantolo ukuthi ngesikhathi wayethi uyamkhipha baya eBotswana kanti wayethunywe ngu*bra* KK ukuyolanda izidakamizwa kanye namadayimane omgunyathi. Lesi senzo sasingafaka impilo yakhe engozini.

Angaphinde aveze nanokuthi nakuba ubaba wakhe wayengasabondli, esezidlela amponjwana kodwa uwuphoxile umndeni wakhe ngobugebengu ikakhulukazi uThandi, udadewabo omncane, obebukelela kuye njengesibonelo esihle sikabhuti omdala.

Kuzo zonke lezi zenzo zikaMzwakhe, uZama angafuna izimpendulo, asho nokusho ukuthi sekuphelile phakathi kwabo. Yena ngeke amlinde aze aphume ejele futhi usethandana nomunye umlisa ogama lakhe linguRomeo. **Nokunye okunembayo.**

UMzwakhe

Angakhombisa ukuzisola ngazo zonke izenzo zakhe ikakhulukazi ezobugebengu obunhlobonhlobo, ngisho nokubulala imbala. Angazama nokubonisa uZama izizathu zakhe ezamenza ukuthi agcine esesebenzela u*bra* KK njengokuthi ekhaya babehlupheka, ubaba wakhe engabondli benodadewabo, ngakho-ke indlela elula futhi esheshayo kwakungubugebengu.

Angaveza indlela azizwa ngayo ngoZama, abale ngisho izinto ayemenzela zona ukuze akhombise ukuthi umthanda kangakanani, njengokumkhipha baye eThekwini, ePavilion, amthengele izingubo zikanakusho, amhambise ezindaweni eziphambili, nasemazweni anjengaseBotswana. Zonke lezi zinto wayezenziswa wuthando futhi wayengafuni ukuthi uZama amshiye ngoba engakwazi ukumnakekela njengentombi yakhe.

IEB Copyright © 2021

Angaphinde axolise ngesikhwele esamenza ukuthi agcine esethola abantu/ oLumumba ukuthi babulale uThemba. Azame nokuchazela uZama ukuthi uNomonde wayengamthandi, uyena uNomonde owamlinga bagcine sebezwana.

Aphinde acele uZama ukuthi okungenani akaqhubeke nokuzwana noThandi amsize uma engakwazi ukuze uThandi akwazi ukufeza izifiso zakhe zokuyofundela izifundo zokwenza inqephu. Angaphinde acele uZama ukuthi akhulise kahle ingane yabo, futhi uyazisola ngokuthi ngeke esakwazi ukuba yingxenye yempilo yabo ngenxa yobugebengu.

Angadaza inkani abuze uZama ukuthi ucabanga ukuthi imali ubeyithathaphi njengoba kubo bekungekho osebenzayo futhi naye ubesafunda isikole.

Okokugcina uMzwakhe angafisela uZama inhlanhla ngothando lwabo benoRomeo noma angaqhubeka akhombise isikhwele esho nokusho ukuthi uma ephuma uzombulala uRomeo. Nokunye okunembayo.

Ingqikithi (okusendabeni = 7 / okwakho = 3)	(10)
Isakhiwo (isingeniso sengxoxo – ½, ukweqa imigqa – ½, imizwa – ½, block format – ½)	(2)
Ulimi nohlelo (izivumelwano – ½, isipelingi – ½) (ulimi olunothile – 1)	(2)
Inani lamagama nokulibhala	(1)
	[15]

IEB Copyright © 2021

UMBUZO 4

Funda lesi sitatimende esingezansi. Bhala **izigaba** ezizoba ngamagama **ayi-180** kuya **kwangama-200**.

Ubugebengu abukhokheli. Kulo mdlalo sithola umlingiswa oqavile uMzwakhe osafunda isikole enza ubugebengu.

Veza umbono wakho ngalesi sitatimende, "Ubugebengu abukhokheli."

Lapha kuzoya ngombono womfundi kodwa iningi lizovumelana ngenxa yemiphumela emimbi yobugebengu njengokubulala, ukulimaza abantu abangenacala ngokomzimba nangokomoya, ukuthatha izinto zabantu abazisebenzele kanzima, ukudala inhlupheko emindenini ngenxa yokuhanjelwa osokhaya, kanye nokusala kwezintandane, ukusebenzisa izidakamizwa ukuze ubulale unembeza/ugqibe le mizwa yokukhala kwabantu, ukuphelela ejele ugwetshwe iminyaka eminingi ulahlekelwe yimpilo yakho, njll. (2)

Bhala abalingiswa abathathu enza ubugebengu nabo. Bachaze.

- U*bra* KK isigebengu esingumholi, uSpider noLumumba izigebengu ezazisebenzela u*bra* KK, u-Adolf isigebengu esisebenzisa umshini wokwakha imali, uPhiri isigebengu esingunogada waseBotswana esishushumbisa izidakamizwa namadayimane. UMaziya iphoyisa eliyisigebengu (pg 155). ULumumba ungumbulali. **Nokunye okunembayo.** (3)

Izinhlobo zobugebengu abazenzayo.

- Bashushumbisa izidakamizwa, impushana, ukuduna izimoto, bazihambise emazweni angaphandle anjengaseMozambique, ukwakha imali yomgunyathi bayisebenzise ezindaweni, kanye nokudayisa amadayimane (pg 154).
- Ukucisha ubufakazi beshisa izimoto eSwazini, ukusebenzisana noma ukukhokhela amaphoyisa ukuze abe yizimpimpi futhi alekelele ekucisheni ubufakazi nokulahla amadokodo.
- Ukubulala nokuzama ukubulala. (3)

Izizathu ezazenza uMzwakhe enze ubugebengu.

- UMzwakhe wayenza ubugebengu ngenxa yesimo sasekhaya. Umama wakhe washona, ubaba wakhe wazinikela otshwaleni wase ephelelwa umsebenzi. Wahluleka ukondla umndeni, ngenxa yokuhlupheka uMzwakhe waqoma ukwenza ubugebengu ukuze ondle udadewabo omncane uThandi futhi baphile impile engcono.
- Wayenza ubugebengu ukuze akwazi ukuphila kahle nentombi yakhe uZama. Nakuba wayefunda wayehleze enemali yokwenzela uZama izinto njengokumkhipha baye ezindaweni eziphambili, akwazi ukukhokhela uZama esikoleni kanye nokondla ingane yabo.
- Wayephoqwa yisimo, kukhona isikhathi lapho wayesefuna khona ukuyeka ubugebengu.
- Omunye umfundi angathi uMzwakhe wayenza ubugebengu ngoba ethanda izinto nempilo engcono. Wayethanda indlela esheshayo nenqamulelayo yokwenza imali. Ngisho noma esephumelele ngamalengiso ezifundweni zakhe, wayengenayo intshisekelo yokuqhubeka nokufunda. Waze washo ku*bra* KK ukuthi ukufunda kuzomchithela isikhathi futhi akukhokheli njengobugebengu (pg 84).
- Angaphinde aveze ingcindezi yokuba ngunkosana nokungabibikho kwesibonelo esihle somzali. (3)

IEB Copyright © 2021

Bhala ngesiphetho salobu bugebengu.

- Le ndaba iphetha ngokuthi uThandi ashayele amaphoyisa oZondi abazise ngecebo likaMzwakhe lokuya efulethini likaZama eThekwini ngenhloso yokuthola ukuthi ukhona yini omunye umlisa uZama asethandana naye. UMzwakhe waze wafunga nokuthi uma emficile uyomphambanisa nezulu (pg 183). Amaphoyisa ahlala uMzwakhe ezithendeni, ambopha ngenkathi efika efulethini (pg 186). Ngaleso sikhathi u*bra* KK kanye nazo zonke ezinye izigebengu zasezibanjiwe. Kwaphela unyaka kuqulwa leli cala kwazise lalibucayi.
- Ekugcineni u*bra* KK ongungqondongqondo wezigebengu wagwetshwa iminyaka eyikhulu ebhadle ejele, engenashwele. Kwathi uMzwakhe wathola iminyaka engamashumi amathathu nanhlanu. Abanye abasolwa bathola izigwebo ezihlukile ezinoshwele (pg 189). UThandi wakhala kakhulu ngenxa yokuthi umfowabo wayezohlala isikhathi eside ejele futhi nempilo yayizobalukhuni.
- Omunye umfundi angabhekisa esiphethweni sobugebengu njengokuthi ukuboshwa kukaMzwakhe kwakusho ukufadalala kwekusasa lakhe, ukulahlekelwa yimpilo ngenxa yokuthi usezochitha isikhathi esiningi ejele. (3)

Veza imizwa nemibono yakho ngokuboshwa kukaMzwakhe.

- Kuzoya ngempendulo yomfundi. Abanye bangaveza ukuzwelana noMzwakhe ngenxa yesimo ayebhekene naso ekhaya sokuhlupheka. Angaphinde aveze ukuthi ngenxa yokuthi uMzwakhe wayesengumfundi esanda kuqeda isikole, bekungafanele agwetshwe iminyaka eminingi kangaka.
- Abanye bangakhombisa ukungazwelani naye ngenxa yezenzo zakhe zobugebengu njengokuduna izimoto, ukushisa izimoto, ukuthengela uThemba izigebengu ukuthi zimbulale, kanye nokuba nesikhwele esiyisimanga, afunge nokuthi uzobulala umuntu ayomfica ethandana noZama. Ngakho-ke isigwebo asitholile seminyaka engamashumi amathathu nanhlanu simfanele.
- Abanye bangaveza nokuthi lesi sigwebo siveze iqiniso elalishiwo ngubaba kaThemba, elokuthi indodana yakhe yabulawa nguMzwakhe. Ngakho-ke lesi sigwebo simfanele ngoba ungumbulali. (3)

Izeluleko ongazinika uMzwakhe ngobugebengu.

- Umfundi angaveza ububi bobugebengu empilweni, aveze nokuthi okwesikhashana ngenkathi umuntu esenza imali ubugebengu buyajabulisa. Angaveza nokuthi eqinisweni imali yakhona akuyona imali yokuthokozelwa ngoba imali yezinyembezi negazi labantu. Ngakho-ke kubalulekile ukudla izithukuthuku zakho, usebenze ngokuzikhandla nangokweqiniso.
- Umfundi angaphinde aveze ukuthi njengoba esegwetshwe iminyaka emingaka akasebenzise leli thuba ukushintsha impilo yakhe ejele. Akazimisele futhi angazimbandakanyi namanye amasela, enze obuye ubugebengu ejele. Akabe isiboshwa esilusizo kwabanye. Akasebenzise leli thuba afunde ngenkathi esasejele ngoba usemncane, ukuze uma kwenzeka aphume akwazi ukuqala impilo entsha engcono emphakathini.
- Omunye angathi akazame izindlela zokuthola ithuba lokuxolisa kubo bonke abantu abonile nabaphoxile njengoZama, ubaba kaThemba njengoba abulala ingane yakhe, kuThandi ngokuba isibonelo esibi noma ubhuti okhohlakele kanye nakubaba wakhe ngokwenza ubugebengu.
- Omunye angathi akasebenzise leli thuba ukuhlolisisa inhliziyo yakhe, aguqukele okholweni akhonze uNkulunkulu ukuze azothethelelwa izono zakhe emhlabeni. Akokhumbula ukuthi uMdali ubathanda bonke abantu bakhe ngisho nabonile, inqobo nje uma bezimisele ukuxolisa nokuguquka.

IEB Copyright © 2021

- Akaxolise inhliziyo yakhe, axolele udadewabo omncane uThandi ngokumbophisa. Aqonde isimo uThandi ayebhekane naso ngaleso sikhathi. (4)

Isakhiwo (isihloko – ½, izigaba – ½) (1)
Ulimi nohlelo (izivumelwano – ½, isipelingi – ½) (ulimi olunothile – 1) (2)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[25]

Amamaki angama-70

ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

- Lesi siqephu sinoMbuzo 5 noMbuzo 6.
- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:

  – Isakhiwo esifanele
  – Ithoni nerejista efanele
  – Ulimi oluhle
  – Isipelingi esihle
  – Ingqikithi enhle
  – Ikhono lokuziqambela
  – Ukubhala inani lamagama

UMBUZO 5

Phendula uMbuzo 5.1 **NOMA** uMbuzo 5.2. Bhala amagama **ayi-150** kuya **kwangama-180**.

5.1 **INCWADI YOBUNGANE**

Unyaka ka2021 ubungelula ngenxa yobhubhane **i-COVID-19**. Bhalela umalume wakho omthandayo ohlala eMelika umchazele ngobunzima balo nyaka eNingizmu Afrika.

Isakhiwo
- Ikheli lobhalile (1)
- Usuku – inyanga ngesiZulu (1)
- Igama lobhalelwayo (½)
- Isibingelelo (½)
- Isingeniso (½)
- Umzimba (½)
- Isiphetho (½)
- Yimina u … (1)
- Igama lobhalile (½) (6)

Ingqikithi (10) Ukushintsha kwempilo ngenxa ka-COVID-19:

Uma umfundi ekubhale konke okubalulekile walandela yonke imigomo yokubhala kwencwadi yobungane, uyowola wonke amamaki. Umfundi angangenisa ngokuchaza nokuveza umbono wakhe ngokushintsha kwempilo ngenxa kakhuvethe. Ezinye izimpendulo zingashintsha kuzoya ngokuthi isimo sibe njani ngokuhamba konyaka.

- **Umbono wakho ngalolu bhubhane i-COVID 19**
  – Umfundi uzoveza ubungozi ngalesi sifo. Njengokuthi isifo esingajwayelekile esixaka ososayensi, abezempilo, odokotela, onesi kanye nosolwazi kwezempilo. Isifo esithelelana kalula futhi esibhebhetheka emoyeni. Isifo esishintshe izimpilo zabantu emhlabeni jikelele.
  – Angaphinde aveze ubungozi bokuthi sesihambe nezimpilo zabantu abaningi sashiya izintandane kweminye imizi. Angaveza nanokuthi isifo esingakhethi bala futhi esingakhathaleli ukuthi ucebile noma umpofu.

– Aveze nokuthi nakuba ikhambi litholakala kodwa asikho isiqiniseko sokuthi iningi labantu lizokwazi ukuthola usizo. Nanokuthi leli khambi lizobaphatha kanjani abantu eminyakeni ezayo.
– Uma elikholwa angaveza nokuthi lokhu kungenzeka ukuthi kudalwa intukuthelo kaNkulunkulu ngenxa yokungenzi kahle kwabantu, njll.
– Ukhuvethe luphinde lwadala ukuthi ukudla ezitolo kukhuphuke ngenxa kathanqa (*lockdown*) kanye nokunye.
– Angabuza nemibuzo enjengokuthi engabe eMelika izinto zihamba kanjani ngenxa yalolu bhubhane, njll. (2)

- **Imigomo okumele ilandelwe ngabantu**
  – Ngenxa kakhuvethe impilo ishintshe kakhulu. Kunemigomo okumele umphakathi uyilandele njengokufaka izifonyo, ukuqhelelana kugcinwe ibanga elithize uma abantu bendawonye kuphinde kugezwe izandla njalo emva kwemizuzu thizeni.
  – Ukungavunyelwa kwabalandeli ukuthi baye ezinkundleni zemidlalo abazithandayo ukuze basekele amaqembu abawathandayo. Ukungavunyelwa ukudlala kwezemidlalo eminingi ezikoleni.
  – Ukuvalwa kukatshwala nokungayi emicimbini, nokushayelwa isikhathi sokubuya ekhaya, njll. (2)

- **Impilo emindenini/ekhaya**
  – Lapha umfundi angaveza ukushona kwamalunga omndeni elandelana ngenxa yalesi sifo.
  – Angaphinde aveze nesihluku esidalwe yilolu bhubhane ngokuthi imindeni eminingi inqatshelwe ukufihla ilunga elishonile ngendlela elifisa ngayo/ejwayelekile. Imigomo ithi kumele izinombolo zabantu zingevi emashumini amahlanu emngcwabeni. Abantu abavunyelwe ukulandela amasiko abo okungcwaba njengokuhlaba nokupheka ukudla emva komngcwabo.
  – Eminye imindeni ihlulekile ukuhlala ndawonye ngesikhathi sikathanqa, kwadala inxabano nokungezwani phakathi kwabazali. Lokhu kudale ukunyuka kwesibalo sokuhlukunyezwa kwabesifazane kanye nezingane nokuhlukana kwezithandani noma abashadile.
  – Omunye angaveza okuhle njengokuthi uthando kanye nobudlelwano bamalunga omndeni luye ngokuqina ngenxa kathanqa kuzwe lonke. (2)

- **Okumayelana nemisebenzi**
  – Ngenxa yalesi sifo iningi labantu liphelelwe yimisebenzi, ikakhulukazi embonini yokudayisa utshwala. Lokhu kudale inhlupheko emindenini eminingi, eminye imindeni yadlelwa imizi, izimoto, yaphelelwa amakhaya.
  – Kweminye imizi abazali baphoqelekile ukuthi bakhiphe izingane zabo ezikoleni ezizimele ngenxa yokwehluleka ukukhokha imali yokufunda kwezingane. Lokhu kuphazamise ikusasa lalezo zingane ngoba ezinye ziphoqeleke ukuthi ziyoqala uGreyidi 11 no 12 ezikoleni ezintsha.
  – Ukulahlekelwa imisebenzi kuphinde kwalimaza isimo somnotho ngoba uma iningi labantu lingasaholi futhi lingasathengi, lokhu kuphoqe izitolo eziningi ukuthi zivalwe ikakhulukazi ezezingubo, njll.
  – Angaphinde aveze ukuthi ngenxa yokungabibikho kwemisebenzi, izinga lobugebengu lakhuphuka ngalesi sikhathi ikakhulukazi emindenini entulayo.

IEB Copyright © 2021

– Omunye umfundi angaveza okuhle njengokuthi embonini yokwelapha nezempilo kanye nezobuchwepheshe kudaleke amathuba amaningi emisebenzi. Iningi laba sebenzi kanye nabafundi beliphoqelekile ukusebenza emakhaya, lisebenzisa ubucwepheshe. Izibhedlela kanye nezindawo ezakha imithi beziphoqelekile ukuthi ziqashe ngenxa yokugula kwabantu. (2)

- **Ukufunda umatikuletsheni**
  – Umfundi angaveza ubunzima abhekane nabo ngenxa kakhuvethe, ukuphazamiseka kokufunda ngendlela ejwayelekile, ukufunda ngezobuchwepheshe emakhaya. Izinselelo zokufunda usekhaya njengokuhamba kukagesi, ukulahleka kwezokuxhumana, ukuphele-lwa yi-*data,* njll.
  – Bangaveza nokuthi yiziphi izinto abebefisa ukuzenza, bezilangazelela njengo*Matric Dance*, ezemidlalo nezinye izikole, njll. Ngenxa yalesi sifo konke lokhu akwenzekanga noma akwenzekanga ngendlela ejwayelekile.
  – Ubunzima bokuhlelela ikusasa lakho ungazi ukuthi kuzokwenzekani, uzokwazi yini ukubhala noma cha.
  – Ubunzima bokufunda ulahlekelwe ilunga lomndeni noma umngane omkhonzile, njll. (2)

Ulimi nohlelo: (izimpawu zokubhala – ½, isipelingi – ½) (isitayela nethoni – 1) (ulimi olunothile – 1) (3)
Amagama anele (½), ukubhala inani lamagama (½) (1)
[20]

NOMA

5.2 **Inkulumo**

Umngane wakho omkhulu uthole umfundaze (*bursary*) wokufunda phesheya. Ucele wena ukuthi ubeyisikhulumi sosuku emcimbini wakhe wokumvalelisa.

Ukwethulwa kwenkulumo

Okulindelekile

Isakhiwo

- Isihloko (inkulumo ngeyani) (2); ***Kubalulekile ukuthi isihloko sibe nokuthi inkulumo izokwenziwaphi (½), ngubani (½), ngaluphi usuku(½) futhi sethule ingqikithi yenkulumo (½).***
- Ukuvula/isibingelelo (1) ***Kumele oxoxayo abingelele abakhona ngezinhlelo zabo, abakhulu nabancane, abalandelanise kahle ngokwamazinga abo emehlweni omphakathi.***
- Isingeniso (1) ***Isingeniso kumele sihehe sibe sifushane siphoqe abantu ukuba balalele. Singaba – Iqiniso elake lashiwo omunye. Indatshana ehlekisayo kodwa ephathelene nazokusho. Umbuzo odinga impendulo ephathelene nazokusho. Akenze abalaleli babenesasasa kwakushoyo. Angaxolisi ngakushoyo, kuqeda umdlandla.***
- Izigaba (izihloko/nezihlokwana) (½)
- Ukubonga ithuba (ekuqaleni noma ekugcineni) (½)
- Isiphetho (1)*;* ***Isiphetho asigculise, kube ngesifanele, esifishane***

nesinembayo. Angasebenzisa lezi zindlela ukwenza lokho. Angafingqa inkulumo yakhe ngokugcizelela amaphuzu asemqoka awashilo. Angafaka inselelo. (6)

Ingqikithi

- ***Asho okuhambisana nendikimba.***
- ***Akalandelanise kahle amaphuzu ukuze inkulumo izwakale kahle.***
- ***Akasebenzise izibonelo amahlaya nokunye okufuze lokho.***
- ***Inkulumo ayifeze inhloso yomethuli wayo.*** (10)

Lapha kuzoya ngomfundi. Uma umfundi ekubhale konke okubalulekile ngala maphuzu angezansi walandela yonke imigomo yokubhala kwenkulumo, uyowola wonke amamaki.

- **Chaza ngobudlelwano nobungane benu**
  Lo okhethelwe inkulumo emva kokuzethula uzochaza ukuthi baqala kanjani ubudlelwano babo, nini, kuphi, bunesikhathi esingakanani, njll. Izigameko azikhumbulayo ezinhle mhlawumbe nezihlekisayo ngobudlelwano babo. Izindawo abake bazihamba, nezinto abazenze ndawonye. Akufundile ebudlelwaneni babo, kakhulukazi kumngane wakhe. (2)

- **Ungumuntu onjani empilweni**
  Lapha umfundi uthola ithuba lokuchaza kabanzi umngane wakhe, okufakazela ukuthi ngempela ubungane babo baqala kudala. Njengokuthi ungumuntu ohlakaniphile esikoleni, unomusa, uyahlonipha, unothando, njll. Kukho konke lokhu uzobe eseyachaza ukuthi kungani esho njalo. Angaveza nezinto azithandayo nangazithandi ngobungane babo. (2)

- **Ikusasa lakhe**
  Umfundi angaveza ukuthi njengoba umngane wakhe ehlakaniphile nakanjani uzokwenza ezibukwayo phesheya. Uzophumelela futhi ikusasa lakhe liqhakazile. Angasho nokuthi angabakhohlwa uma esephumelele phesheya. (2)

- **Izifiso zakho ngaye**
  Izifiso zakhe ukuthi angalibali izinto ezingakhokheli njengabafana/ amantombazane akhohlwe akuzele. Angathathwa ubukhazikhazi bendawo, akagxile kwakuzele. Angaveza ngokuthi uzizwa kanjani ngaleli thuba elitholwe ngumngane wakhe.
  Angaveza nokuthi umfisela impumelelo futhi angakhohlwa ekhaya uma esephumelele, njll. (2)

- **Wena, uzizwa kanjani njengoba ehamba**
  Umfundi angaveza ukumjabulela kakhulu umngane wakhe. Asho nokusho ukuthi amathuba anjengalawa ayivela kancane. Encokola, angasho nokuthi unomona ngaye, naye ubengalijabulela ithuba elinjengaleli. Aveze nokuthi bazomkhumbula kakhulu, ikakhulukazi imibono yakhe, usizo lwakhe kanye nobuyena. Angaphinde amgqugquzele ukuthi ufisa behlezi bexhumana, uma kwenzekile naye angalijabulela ithuba lokumvakashela ukuze abone indawo entsha empilweni yakhe. (2)

Ulimi nohlelo: (izimpawu zokubhala – ½, isipelingi – ½) (isitayela nethoni – 1) (ulimi olunothile – 1) (3)
Amagama anele (½), ukubhala inani lamagama (½) (1)
[20]

UMBUZO 6

Umlando kamufi

6.1 Lapha umfundi kudingeka alandele yonke imigomo yokubhalwa komlando:

Isakhiwo
Isihloko esinamagama aphelele kamufi. (1)
Ukuvalelisa ekugcineni; Phumula ngoxolo Gatsheni. Ndlela-nhle Boyabenyathi.
Sengathi umphefumulo wakho ungaphumula ngoxolo, njll. (1)

Ingqikithi
- Oshonile – amagama akhe aphelele.
- Imininigwane yakhe (wazalelwaphi, uzalwa obani).
- Imfundo yakhe nalapho asebenze khona.
- Amagalelo akhe (izikhundla zakhe/imiklomelo, njll).
- Usuku ashone ngalo.
- Abantu abashiye emhlabeni **isib:** abazali, ozakwabo, inkosikazi noma indoda yakhe nezingane zakhe. (6)

Ulimi nohlelo: izivumelwano (½), isipelingi (½), amagama anele (½), ukubhala inani lamagama (½). (2)
[10]

NOMA

Izincomo (*reviews*)

6.2 Lapha umfundi kudingeka alandele yonke imigomo yokubhalwa kwezincomo. Okubalulekile kakhulu ukuphendula imibuzo engezansi mayelana nokuncoma indawo.

Isakhiwo
Isihloko esinamagama ale ndawo. (1)
Obhalile. (1)

Ingqikithi
- Indawo.
- Enikubonile/enikutholile.
- Ongakwenza kule ndawo.
- Ukudla.
- Okuthandile nongakuthandanga.
- Abantu bakhona. (6)

Ulimi nohlelo: izivumelwano (½), isipelingi (½), amagama anele (½), ukubhala inani lamagama (½). (2)
[10]

Amamaki angama-30

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2021